basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NHLABA/NHLANGULANA 2026

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 80

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-9.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo evulelekile edinga izimpendulo ezinjengoYEBO/CHA noma ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki. Ngokufanayo nalezi ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO noma IQINISO/UMBONO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

4. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

5. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho, kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.

6. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

7. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele noma uhlamvu kuphela kanje:
   Isib: 1.1.5 USizwe/A

1.1 1.1.1 OKUKODWA kulokhu:
- Emakhaya.✓/
- Ezikoleni.✓/
- Emsebenzini.✓/
- Ezibhedlela.✓ (1)

1.1.2 B/✓Bonke baxoxa ngayo.✓ (1)

1.1.3 OKUBILI kwalokhu:
- Zizala ziphinde zinakekela izingane zazo.✓/
- Zincelisa izingane zazo.✓/
- Zivikela izingane zazo.✓/
- Zifundisa izingane amakhono ahlukene.✓ (2)

1.1.4 OKUKODWA kulokhu:
- Leyo ebone ingozi kuqala ibanga umsindo ohlukile ukuxwayisa ezinye.✓✓/
- Zihamba ngamaqembu ukuqinisekisa ukuvikeleka. ✓✓ (2)

1.1.5 OKUBILI kulokhu:
- Ukuphendula izingcingo.✓/
- Ukusebenzisa i*remote* kamabonakude.✓/
- Ukubafunza ukudla.✓/
- Ukubanwaya emzimbeni uma kunesidingo.✓ (2)

1.1.6 (a) D/Uhlakaniphe kunazo zonke izinkawu.✓ (1)
(b) C/Isifo esidalwa amagciwane ezinkawu.✓ (1)
(c) A/Izinkawu zadlulela khona zisuka e-Afrika.✓ (1)
(d) B/Umqondisi weHelping Hands Monkey College.✓ (1)

1.1.7 (a) Into ejwayele ukwenzeka/eyenzeka njalo.✓✓ (2)

(b) Ukushiya indlu ingahlelekile/ ingcolile/ imahliphihliphi./ ukushiya into ingalungile.✓✓ (2)

1.1.8
- Ezikoleni izingane ziyaphazamiseka emakilasini.✓
- Izingane zingalamba ngoba izinkawu zidla ukudla kwazo.✓

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

1.1.9 Kubalulekile ngoba ukuhlaselwa yinkawu kuyahlukumezana ngokomoya nangokwengqondo.✓ ✓ (2)

1.1.10 OKUKODWA kulokhu:
Izibonelo:
- Ukubiya ngocingo olunameva/ugesi.✓✓/
- Iminyango namawindi kungafakwa izinsimbi zokuvikela.✓✓/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

1.1.11 Isizukulwane esizayo sizokujabulela ukwazi ngazo.✓/
Abantu bangaphila kahle ngoba zizobe sezisendaweni yazo ephephile. ✓
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

1.2 1.2.1 Indlu yangasese/encane/ithoyilethi.✓/umpompi oconsayo. ✓ (1)

1.2.2 Yingoba akuxujwa njalo.✓/bavala amanzi uma bexubha. ✓/kusetshenziswa amanzi amancane uma kuxujwa. ✓ (1)

1.2.3 Ukuwasha ngesandla ngoba usebenzisa indishi/ubhavu wokuwasha ongasebenzisi amanzi amaningi. ✓✓ (2)

1.2.4 Ukuvuza kwamanzi kulawulwa ubungako bomonakalo owenzekile empompini nesivinini aphuma ngaso, ngakho-ke kulukhuni ukukala iphesenti lawo. ✓✓
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Amaphuzu angabhekwa:

	AMAPHUZU ACASHUNIWE		AMAPHUZU AHUNYUSHIWE
1.	'Abangani abahlale bebalisa njalo ngokubi okwenzeka emsebenzini, kwezothando nasemndenini yabo benza ungakujabuleli ubungani benu.'	1.	Akujabulisi ukuba nabangani abaphilela ukubalisa ngaso sonke isikhathi empilweni.
2.	'Abangani abangakwazi ukugcina izimfihlo kufanele uzame ukubagwema ngoba bazokuphula umoya.'	2.	Abafuneki abangani abangenaso isifuba ngoba bengagcina bekulimaza uphatheke kabi emoyeni.
3.	'Kunabangani abakwehlisa isithunzi ngokungakuhloniphi, abakugxeka kukho konke okuhle okuzamayo ngisho niphakathi kwabantu.'	3.	Babalekele abangani abadicilela phansi isithunzi sakho ngokungakuhloniphi bephikisana nawe phambi kwabantu.
4.	'Awubadingi abangani abazohlale bencintisana nawe ngayo yonke into oyenzayo nonayo.'	4.	Babi abangani abaqophisana nawe kukho konke okwenzayo.
5.	'Kukhona abangani abangakhuli ngokwempilo nangokomqondo abangagcina bekwenza ukuthi ume ndawonye ungenalo ikusasa elihle.'	5.	Abadingeki abangani abangavuthiwe empilweni kanye nasemqondweni bengagcina bekwenza ungaphumeleli.
6.	'Abantu baneziphiwo ezingafani, abangani abangawajabuleli amakhono, ulwazi namathalente abanye bakhombisa umona.'	6.	Emhlabeni siphiwe ngokungafani, ziqhelelanise nabangani abanomona abangawathokozeli amakhono akho.
7.	'Abangani abangayidlulisi ingxabano, abangaxoleli nababamba amagqubu isikhathi eside bayingozi kuwe.'	7.	Bayingozi abangani abangathetheleli, abagcina izinto ezimbi enhlizweni ezidala ingxabano.

Ukumakwa kokufingqa

Ukumaka kubhekela ukuba khona kwamaphuzu abalulekile nokuhlungwa kwalawo angabalulekile empendulweni ngokombuzo.

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa kwamamaki**:
  - Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu ngalinye labelwa imaki elilodwa).
  - Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle kolimi.
  - Isamba samamaki-10.

- **Ukwabiwa kwamamaki okusetshenziswa kolimi lapho umfundi esebenzise awakhe amagama:**
  - Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
  - Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2.
  - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.

- **Ukwabiwa kwamamaki okusetshenziswa kolimi lapho umfundi ecaphune njengoba kunjalo esiqeshini:**

  - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Akaklonyeliswa lutho ngemaki lolimi.
  - Amaphuzu ama-4 kuya kwayi-5: Uklonyeliswa ngemaki eli-1 lolimi.
  - Amaphuzu ama-2 kuya kwa-3: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2 olimi.

QAPHELA:

- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenziswe.
  - Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenziswe noma elibhalile kodwa kungesilona.
  - Uma inani lamagama asetshenziswe leqile, omakayo kumele afunde wonke umusho wokugcina ngaphezulu kwesibalo esibekiwe awuqede, angabe esakunaka okunye okuza emva kwalowo musho.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

Indlela yokumaka ISIQEPHU C

- **Ukupelwa kwamagama/Isipelingi**
    - Izimpendulo ezidinga igama elilodwa mazimakwe noma kunamaphutha esipelingi, ngaphandle uma iphutha lishintsha umqondo/incazelo yegama.
    - Uma impendulo ingumusho ogcwele, amaphutha esipelingi awanganikwa amamaki uma kuhlolwa ulimi.
    - Uma kuhlolwa isifinyezo, impendulo mayibe nophawu lokuloba olufanele.

- Ukwakhiwa kwemisho makulandele uhlelo lokusetshenziswa kolimi olufanele.
- Emibuzweni lapho kukhethwa khona izimpendulo, yamukela KOKUBILI uhlamvu oluhambisana nempendulo efanele NOMA impendulo efanele ebhalwe ngokugcwele.

3.1 Amahora ayi-14.✓ (1)

3.2 Okukodwa kwalokhu:
Cappuccino.✓/
Mocha.✓/
Hot chocolate.✓/
Latte.✓/
Iced coffee.✓ (1)

3.3 D√/Isibaluli.✓ (1)

3.4 Phuza ikhofi elikunika umfutho!✓✓ (2)

3.5 Ulimi olukhohlisayo.✓✓ (2)

3.6 -nani.✓/nani✓ (1)

3.7 Okukodwa kwalokhu:
Ukusetshenziswa kwezithombe.✓✓/
Ukusetshenziswa kolimi oluhehayo.✓✓/
Ukusebenzisa ifonti ehlukene.✓✓
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
[10]

UMBUZO 4

4.1 OKUBILI kwalokhu:
- Kunenkosi yenkantolo.✓/
- Kukhona ummeli phambi kwenkosi yenkantolo.✓/
- Kunabantu abathamele icala.✓

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

4.2 UJuba ubesendaweni engafanele ngesikhathi esingafanele.✓✓ (2)

4.3 OKUKODWA kwalokhu:
- Ukuthatha isinqumo ukuthi umsolwa unecala noma umsulwa.✓✓/
- Ukuthatha isinqumo ukuthi umsolwa uyayithola yini ibheyili.✓✓/
- Ukuhoxisa icala.✓✓/
- Ukukhipha isigwebo uma umsolwa etholakala enecala.✓✓

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

4.4 C✓/Ukuzifaka enkingeni.✓ (1)

4.5 Inkosazana.✓ (1)

4.6 OKUBILI kwalokhu:
- Ukuqoqa ubufakazi obanele ngaphambi kokubopha umuntu.✓/
- Ukuthola ochwepheshe abasezingeni eliphezulu ukwenza uphenyo.✓/
- Ukusebenzisa izinsizakusebenza ezanele uma kuphenywa amacala.✓

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
[10]

UMBUZO 5

5.1 5.1.1 Umhlengikazi.✓ (1)

5.1.2 (a) Lezi ✓ (1)
(b) Lo/lona ✓ (1)

5.1.3 Iziguli zisi**zwa** emtholampilo✓✓ / Iziguli zisiz**w**a **nguyena** emtholampilo.✓✓/Iziguli **uyazisiza** emtholampilo. ✓✓ (2)

5.1.4 C✓/ibizomuntu.✓ (1)

5.1.5 Usizwana.✓ (1)
Isibonelo: Ngicela ungiphe usizwana ngixakekile.✓ (1)

5.1.6 OKUKODWA kwalokhu:

- Intsha iyakuthanda ukuba onesi **yingakho/yingakho-ke** izimisela ezifundweni zayo.✓✓/
- Intsha iyakuthanda ukuba onesi **yingakho-ke** izimisela ezifundweni zayo.✓✓/
- Intsha iyazimisela ezifundweni zayo **ngoba** iyakuthanda ukuba onesi.✓✓/
- Intsha iyazimisela ezifundweni zayo **futhi** iyakuthanda ukuba onesi.✓✓/
- Intsha iyazimisela ezifundweni zayo **kanti** iyakuthanda ukuba onesi.✓✓ (2)

	5.1.7	Mumbe.✓		(1)
		Isibonelo: Umfana mumbe udlule ngejubane ebalekela maphoyisa.✓		(1)
	5.1.8	(a)	Inkathi ezayo.✓	(1)
		(b)	Isivumelwano senhloko✓/sikamenzi.✓	(1)
5.2	5.2.1	Mameshane**!**✓ Uyaphi la**?**✓		(2)
	5.2.2	(a)	Isicabha/isivalo.✓	(1)
		(b)	Ingcanga.✓	(1)
	5.2.3	Umbuzombumbulu.✓✓		(2)
				[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80